BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 www.bu.edu/Africa/alp africa@bu.edu 617.353.3673

# **Isaga 8: Isitsha Esihle Asidleli**

## Characters

| | |
|---|---|
| Umfundisi: | Mdu Zondi |
| UCelumusa: | T.Q. Zondi |

## Transcript

| | |
|---|---|
| Ibandla: | "Ngakusasa isibunye nya, njengembali eqhakaza namhla, ngakusasa isibunye nya." |
| Umfundisi: | Angibingelele bathandekayo, umndeni wakwaSibisi, baba uSibisi, umama MaCele, abazali bakamufi, ngibingelele omakhelwane, abangani nezihlobo egameni leNkosi yami uJesu Krestu. |
| Ibandla: | Ameni |

Umfundisi: Ngingakafundi iNcwadi eNgcwele, ngifisa nje ukuba ngedlulise amazwi emndenini enduduzo. Siyazi sonke mphakathi walapha kwaHlathikhulu kwelakithi eMtshezi ukuthi umfana lona uCelani ukhule nje eyisithombe esihle, simthanda sonke, waze wahamba-ke wayofundela ubudokotela eMedunsa. Wabuya futhi wangasishiya futhi waya emadolobheni amakhulu kodwa wazosebenza khona lapha endaweni yakithi ukuze athuthukise indawo yakithi. Ee..siyazi ukuthi ube wudokotela oseqopheleni eliphezulu futhi ubenobuntu ngendlela emangalisayo kangangokuthi ee…bekuthi nabantu abagulayo njengezalukazi e'yingenamali, ziye, azixilonge azelaphe ngaphandle kwemali nabo bezobuye bamkhokhele. Kube buhlungu okwenzekileyo ukuthi i'inswelaboya, izigebengu zivele zingene esejari yakhe esethi uyavala, zimbulale zithathe nemali. Kukhomba khona ngempela ukuthi isitsha esihle asidleli. Mndeni waMahlase nakwaBhovungane, lalani ngenxeba, ee…konke kwaziwa yiNkosi. Angifunde incwadi emva uma ngiqeda ngibize iwele uCelumusa ukuba azosifundela umlando wakhe. Incwadi yeSambulo 21 ivesi-ke 19 elithi : "Babusisiwe abafayo befela eNkosini ngokuba imisebenzi yabo iyokubalandela". Ngala mazwi, ngithi-ke duduzekani, yazini ukuthi imisebenzi yakhe uCelani iyomlandela. Ngale kokungadli ithuba angicele uCelumusa eze ngaphambili asiphe umlando.

Ibandla: "Ngiy' ekhaya, ngiy' ekhaya, ngiy' ekhaya, ang'sekufa"

UCelumusa: Ngiyanibingelela nonke egameni likaJesu Krestu. Ee..Ngizonifundela umlando womfowethu lana uCelani Experience Sibisi. UCelani wazalwa ngonyaka ka-1989 ku-Agasti ngosuku lwesishiyagalombili. Wasishiya ngomhla ka-25 Disemba ngonyaka ka-2010. UCelani wakhula khona la eMtshezi wabe eseyofunda le eMgungudlovu, wafunda eRiji, wafunda ePelhemu, wase esuka eya eNdlangezwa lapho aqeda khona umatikuletsheni. Wase wahamba-ke waya eKapa eyothola khona iziqu zakhe zobudokotela. Ushiye ngemuva uma wakhe omthandayo uMaCele nobaba wakhe uMnumzane uSibisi nabafowabo ababili nenja yakhe uCabithambo. Sithi nje makalale ngokuthula, size sibonane kwelizayo. Ngiyabonga.

UCelumusa: "Ngiy' ekhaya, ngiy' ekhaya, ngiy' ekhaya, ang'sekufa".